KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# OKUDINGEKA UKWAZI NGE-DIPHTHERIA

**"Vikela izingane zakho manje, gomela izifo ezithathelanayo"**

## Isifo sini-idiphtheria?

IDiphtheria yisifo esithathelanayo, esingaba ingozi yokufa esihlasela umgudu wokuphefumula ongenhla. IBhaktheriya edala idiphtheria ivama ukusatshalaliswa ngamaconsana omhwamuko akhwehlelwayo.

## Izimpawu ze-diphtheria?

IDiphtheria iqala ngobuhlungu bomphimbo, ukushisa, nokugodola. Ungwengwezi olumhlophe emphinjeni kubenzima ukugwinya nokuphefumula. Ukungenwa amakhaza, ukuzizwa ungaphilile Kanye nokushiselwa okukhulu.

## Kungabe iDiphtheria iyathathelana?

Yebo iyisifo esithathelanayo, ngokuhlangana namaconsi ngesikhathi omunye onaso lesisifo ekhwehlela noma ethimula. Ukuthelelana kungathatha amaviki amabili emva kokuba umuntu engenwe ilesisifo ezimbeni wakhe

## Sivikeleka kanjani lesisifo na?

Singavikeleka lesisifo ngokugoma ingane yakho ngezikhathi ezihlelelwe ngokweminyaka yakhe. Imigomo yokuvikela isifo seDiphtheria inikezwa uma ingane inamasonto ayisithupha (6 weeks), ayishumi (10), nayishumi nane (14 weeks) kuye kwizinyanga eziyishumi nesishiyagalombili (18 month) nengane uma seyineminyaka eyisithupha ( 6 years) Kanye neminyaka eyishumi nambili (12 year). Umnyango wezempilo ukhuthaza abazali ukuba bagome abantwana babo ukuze bavikeleke ezifweni ezithathelanayo

## Ubani ongasithola  lesisifo na?

Uma umuntu engagonywanga ukuze avikeleke kulesisifo, lesisifo sivamise ukuhlasela abantwana kodwa wonke umuntu angatheleleka uma engahlangana namaconsana womuntu onaso lesisifo

## Wenzenjani uma unalezizimpawu zalesisifo?

Phuthuma emtholampilo oseduze nawe uyohlolelwa lesisifo.

KwaZulu-Natal Department of Health
KZN Department of Health
kznhealth
@kznhealth

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER